

UJosefa Usindisa Ukuphila

GENESISE IZAHLUKO 41-50

UFARO, INKOSI YASEGIBHITHE,
IPHUPHE IPHUPHO ELIXAKILE.

EKUGCINENI, INDUNA YABABHAKI-ZINKWA
EYAYISETILONGWENI **NOJOSEFA**, YAKHULUMA.

UBANI
ONGANGICHAZELA
UKUTHI IPHUPHO
LAMI **LISHO**
UKUTHINI?

KUNENDODA
ENGUMHEBERU
ENGIYAZIYO EKWAZI
UKUCHAZA
AMAPHUPHO.

SHESHANI!
YIKHIPHENI
ETILONGWENI
NIYILETHE
LAPHA KIMI!

NGIZWE KUTHIWA
UNGAKWAZI
UKUNGINIKEZA
INCAZelo
YEPHUPHO LAMI.


AKUMINA, KODWA
UNKULUNKULU
OZOCHAZA UKUTHI
KUZOKWENZEKANI
KUWE. UPHUPHENI?

NGIPHUPHE
IZINKOMO EZIYISIKHOMBISA
EZIZACILE ZIDLA IZINKOMO
EZIYISIKHOMBISA EZIKHULUPHELE.
NGEMVA KWALOKHO, **NGAPHUPHA**
IZIKHWEBU ZOMBILA
EZIYISIKHOMBISA EZINCANE ZIDLA
IZIKHWEBU EZIYISIKHOMBISA
EZINKULU.

UNKULUNKULU WEQINISO
UKUTSHELA UKUTHI KUZOBA
NEMINYAKA EYISIKHOMBISA
YENALA EGIBHITHE, ILANDELWE
IMINYAKA EYISIKHOMBISA
YENDLALA.

MANJE QOQA UKUDLA
OKUNINGI UKUBEKE
UKUZE KUBE NOKUDLA
OKWANELE NGESIKHATHI
SENDLALA.

UFARO WAMISA UJOSEFA
UKUBA ABE NGOWESIBILI
NGESIKHUNDLA EGIBHITHE.



UJOSEFA WAQOQA UKUDLA
WAKUBEKELA ABANTU
BASEGIBHITHE UKUZE
BANGABULAWA YINDLALA LAPHO
SEBEPHELELWE UKUDLA.



NGELINYE ILANGA ABFAWABO BAKAJOSEFA
ABADALA BAFIKA BEZOTHOLELA IMIKHAYA
YABO KANYE NOMFOWABO OMNCANE
UBHENJAMINI UKUDLA.



KODWA BABENGASAMBONI UJOSEFA.



KAZI ABFAWETHU
BASELUKHUNI YINI
NAMANJE . . .

NGIZOBAVINYA
UKUZE NGIBONE
UKUTHI
SEBESHINTSHILE
YINI.



UMA NIYILABO ENIZIBIZA
NGABO, HAMBANI
NIYOLANDA **UMFOWETHU**
OMNCANE. NGIZOFAKA
OMUNYE WENU
ETILONGWENI KUZE KUBE
YILAPHO NIFIKA NAYE.

ZONKE LEZI ZINTO
EZIMBI ZISEHLELA
NGENXA YOKUTHI
ASIZANGE SIMPHATHE
KAHLE **UMFOWETHU**
UJOSEFA!



KAMUVA, ABAFOWABO BAKAJOSEFA **BABUYELA** EGIBHITHE SEBEHAMBABO NOMFOWABO OMNCANE **UBHENJAMINI**.

INGABE
NGUYENA
UMFOWENU LO?

UJOSEFA WAPHINDE
WABAVIVINYA ABAFOWABO.

FIHLANI **INDEBE**
YAMI YESILIVA
ESAKENI
LIKABHENJAMINI . . .

NGOSUKU OLULANDELAYO, LAPHO ABAFOWABO BAKAJOSEFA **BESESENDELELENI** EYA EKHAYA . . .

IPHI **INDEBE**
YENKOSI YETHU?

INDEBE
ENJANI?

NGISHO
LE
NDEBE.

EMUVA ENDLINI KAJOSEFA . . .

KODWA UMFOWABO KABHENJAMINI
UJUDA WANCENGA UJOSEFA . . .

YINI LE OYENZILE?
SELA!
UBHENJAMINI
UZOBA **ISIGQILA**
SAMI.

NGIYAKUCELA, THATHA
MINA NGIBE ISIGQILA
ESIKHUNDLENI
SIKABHENJAMINI, FUTHI
NGIZOKUKHONZA.



MANJE, UJOSEFA WAYESEQINISEKA UKUTHI
ABAFOWABO BASE BESHINTSHILE.



NINGUJOSEFA.


UNKULUNKULU
WANGILETHA LAPHA
UKUBA NGINILUNGISELE
UKUDLA UKUZE
NIQHUBEKE NIPHILA.

ANGIKHOLWA!



AYINAKWENZEKA
INTO ENJALO . . .

KODWA NGUYE . . .
NGUYE UJOSEFA!



EKUGCINENI, UBABA KAJOSEFA, ABAFOWABO
KANYE NEMIKHAYA YABO BATHUTHELA
EGIBHITHE. UJOSEFA WAQINISEKA UKUTHI
BANOKUDLA OKWANELE.

IMINDENI YABO YAHLALA IMINYAKA
ENGAPHEZU KUKA-200 EGIBHITHE.

**YINI ESIYIFUNDA KUJOSEFA
NABAFOWABO?**

LAPHO UJOSEFA EBONA UKUTHI ABAFOWABO BASE
BESHINTSHILE, **WABAPHATHA** KANJANI?

UMKHONDO: GENESISE 50:19-21; 1 PETRU 3:8, 9.

UJUDA WABONISA KANJANI UKUTHI **UYAMTHANDA**
UMFOWABO UBHENJAMINI?

UMKHONDO: GENESISE 44:18, 33, 34.

UMA OTHILE ENZA OKUBI KUWE, KUFANELE
USABELE KANJANI?

UMKHONDO: 1 THESSALONIKA 5:15.